

HARRY GWALA DISTRIKTHI



ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA

ISIVIVINYO SIKANDASA

IPHEPHA LOKU-1

IBANGA LE – 10

MASHI 2025

Stanmorephysics.com

Stanmorephysics.com

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: 2 AMAHORA

Leli phepha linamakhasi ayi-11

IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu ezintathu :
ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (30)
ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)
ISIQEPHU C: Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi (30)
2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngokuqondisisa.
3. Phendula yonke imibuzo ekuleli phepha.
4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
5. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.
6. Faka izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni.
7. Yeqa umugqa emuva komubuzo ngamunye.
8. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.
9. Bhala ngobunono futhi kubonakale.
10. Ungasebenzisa isikhathi ngale ndlela elandelayo:
ISIQEPHU A: imizuzu engama-50
ISIQEPHU B: imizuzu engama-30
ISIQEPHU C: imizuzu engama-40

Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

ASIKHUTHAZE IZINGANE UKUBA ZIFUNDE

1. Kuqala leli lizwe lingakakhululeki abantu abadala babeyikhathalele imfundo yezingane zabo ngoba bekholelwa ukuthi yiyona eyithemba lokukhipha abantu ekuhluphekeni nakungabazane. Iningi Labantu abadala lalilibeka ngembaba ukuthi lona alifuni izingane zabo zifane nalo. Babeqongelela isenti phezu kwesenti bathumele izingane zabo esikoleni. Yize kunjalo baningi abafundi ababekhaliphile esikoleni abagcina beyekile ngenxa yokungakwazi ukukhokha imali yesikole kanye nokuthenga izincwadi.
2. Abazali babebhekelela imfundo yezingane zabo. Kwakudingeka abazali bathenge izincwadi zesikole, okokubhalela, umfaniswano wesikole njalonjalo. Abanye abafundi babephokeleka ukushiya isikole baye kosebenza emva kweminyakana babuyele ezikoleni sebeyoqedela ibanga le-12. Othisha babehlonishwa kakhulu ezikoleni nabo bezihlonipha. Babelisaba kakhulu ichilo. Babengagcini ngokuhlonishwa ezikoleni kuphela kodwa nasemiphakathini. Abafundi babebanika indawo yabo. Kwakuba ihlazo uma umfundi ethezisana nothisha. Uma kubikelwe abazali bakhe wayelutheza olunenkume. Okunye kwakube uthole umndeneni wakhe ngehlazo. Ayisaphathwa-ke eyomfaniswano wawungeke uhlangane nomfundi engawufakile emagcekeni esikole.
3. Emva kwenkululeko eyatholakala ngonyaka we-1994 izinto zashintsha kakhulu kuleli lizwe. UHulumeni wenza izinguquko eziningi kwezemfundo. Imfundo yezingane yaba mahhala kusukela emabangeni aphansi kuya kwaphezulu ezikoleni eziningi. Abafundi bathengelwa izincwadi futhi abayikhokhi imali yesikole. Lokhu kwenze abazali abanengi bangaba nomthwalo onzima emahlombe abo. Ngisho ngabe umfundi uqhamuka ekhaya elidla imbuya ngothi okwakhe ukuba azimisele uma esesesikoleni. Ngenkathi sekufanele kube nesibalo esikhulu sabafundi abazimisela ngesikole ngoba kungasakhokhwa kodwa akunjalo. Izibalo zakamuva zikhomba ukuthi baningi abafundi abashiya isikole bengafikile ebangeni le-12. Lokhu sekukhathaze abanengi ababambe iqhaza kwezemfundo. Sekucelwe ukuthi uMnyango weZemfundo ulandele noma ubheke izindlela zokuthola laba bafundi abangasiqedi isikole. Babona isizwe sibhekene nengwadla enkulu eminyakeni ezayo. Lokhu kusho ukuthi baningi abantu abayobe bengafundile okuyokwenza bathemebele emalini kaHulumeni. Iningi Labantu libona konakele kakhulu emiphakathini okwenza izingane zibe imihlambi kazalusile. Phela kunesisho esithi ingane ikhuliswa umphakathi. Kubukeka sengathi lokhu akusenzeki esikhathini samanje wonke umuntu usezibhekela ingane yakhe.
4. Izikhungo ezenza ucwaningo zithole ukuthi ziningi izinto ezenza abafundi bangaqedi ezikoleni. Zithole ukuthi le nkinga ayihlasele kuphela izingane

eziphuma emakhaya adla imbuya ngothi kodwa nalezo eziphuma emakhaya **adla izambane likapondo**. Iningi kuthiwa lidudana nabangani abasuke bengasafundi ngenxa yezizathu ezehlukene yikho lingaqedi isikole. Laba bafundi bavuka kusempondozankomo bageze, bagqoke bese bethatha izincwadi zabo. Labo abagibelayo banikwa imali yokugibela izinto ezizobathutha. Ababe besafika esikoleni baphelela endleleni yize bephume sengathi baya ezikoleni. Abazali basuke besemsebenzini bezitshela ukuthi izingane zisesikoleni. Bathola ukuphoxeka uma bebikelwa ngokuphutha kwezingane zabo ezikoleni. Kuba buhlungu ngoba basuke bekiphe imali yokugcina bethi bafuna izingane zithole imfundo engcono. Laba bafundi batholakala emathaveni, becima ukoma. Okufike kuxake ukuthi basuke bengebodwa kusuke kukhona nabantu abadala okufuze ukuba ngabe bayabaxosha.

5. Amaphoyisa ayake abaxoshe abafundi abatholakala edolobheni ngesikhathi sesikole befake umfaniswano. Enza isiqiniseko ukuthi uyanyamalala uphindele esikoleni. Izidakamizwa nazo zinomthelela omkhulu ikakhulukazi iwunga kanye nencika. Abafundi abaningi bayazifela ngalezi zidakamizwa. Abanqeni ukukhipha imali eshisiwe ukuthenga lezi zidakamizwa. Abanye balaba bafundi sebephenduke ogogo nomkhulu bebancane. Uthola sebemnyama bhuqe kwazise bazidla usuku lonke. Umphakathi wona awuzihluphi ukugcizelela ukubaluleka kwemfundo yezingane. Azikho izinhlelo ezikhona zokulwa nalesi sikhumba. Uwuthola ugijimela izinto ezingabalulekile kunale nkinga esibhekene nayo.
6. Isizwe sizobhubha siphele uma kungenziwa lutho ngokuyeka kwezingane esikoleni zingafikile ebangeni le-12. Siyoba isizwe esisalela ngemuva kwezinye. Asibagqugquzele labo abayeke isikole besebancane ukuba babuyele esikoleni. Kufanele sikhumbule ukuthi imfundo ayikhulelwa. Asilwisane nokungafundi.

Icashunwe kuJit -2021 ikhasi lesi-8.

KANYE NO

- 1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

UMBHALO B (OBUKWAYO)



ISITHOMBE 1



ISITHOMBE 2



ISITHOMBE 3

IMIBUZO YOMBHALO A (OFUNDWAYO)

- 1.1.1 Iyiphi imbangela eyayenza abantu abadala bayikhathalele imfundo? Bhekisa impendulo yakho esigabeni souk-1. (1)
- 1.1.2 Shono isizathu esasenza abafundi abakhaliphile bagcine sebesiyekile isikole. (1)
- 1.1.3 Nikeza OKUBILI okwakwenziwa abazali ukubhekelela imfundo yezingane zabo. (2)
- 1.1.4 Fingqa ngamaphuzu AMANE izinguquko ezenziwa uHulumeni emva kwenkululeko eyatholakala ngonyaka we-1994. Bhekisa impendulo esigabeni sesi-3. (4)
- 1.5 Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo. Ukuba umhlambi kazelusile kuchaza.....
 - A. Ukuzitshela
 - B. Ukuswela umelusi

C. Ukuziphatha

D. Ukubaleka

(1)

1.6 Ucabanga ukuthi kungaba namphumela muni ukungaqedi kwabafundi ezikoleni.

(2)

1.7 Iyini inhloso yombhali yokubhala lesi siqephu.

(2)

1.8 Ngabe ukusetshenziswa kwesimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-4 sikulekelele kanjani ikuqonda umqondo wale ndaba? Sekela impendulo yakho.

(3)

1.9 Ngokucabanga kwakho kungani amaphoyisa exosha abafundi abatholakala emadolobheni ngesikhathi sesikole befake umfaniswano.

(2)

1.10 Uyazwelana yini nabazali bezingane ezingaqedi isikole? Sekela impendulo yakho.

1.1.11 Phawula ngekhono lombhali ukuphetha lesi siqeshana.

(2)

IMIBUZO YOMBHALO B (OBUKWAYO)

1.1.12 Chaza okwenzeka esithombeni soku-1.

(2)

1.1.13 Nikeza okungumehluko phakathi kokwenzeka esithombeni sesi-2 kanye nesesi-3.

(2)

1.1.14 Qhathanisa okufanayo okwenzeka esigabeni sesi-5 kanye nokwenzeka esithombeni sesi-3.

(4)

1.1.15 Ngokucabanga kwakho yikuphi okungenziwa uHulumeni ukulwisana nokusetshenziswa kwezidakamizwa?

(2)

Stanmorephysics.com

AMAMAKI ESIQEPHU A:30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) simayelana nezindlela ongonga ngazo imali.

IMIYALELO

- Fingqa lesi siqeshana esimayela nezindlela ongonga ngazo imali usebenzise amagama akho angedluli kwangama-70
- Fingqa **ngesigaba**
- Ungabe usasibhala isihloko
- Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni

IZINDLELA ONGONGA NGAZO IMALI

Ayikho into engumphikwa njengemali. Ngisho nonezindodla zayo, umthola ekhala ngokungabi namali. Akekho noyedwa nje umuntu oke aphumele obala athi yena unemali. Nsuku zonke abantu bafunana nemali. Abanye abakwazi ngisho ukuyonga. Nokho-ke kunezindlela okufanelwe zilandelwe uma sifuna ukonga imali.

Ukongga imali kungenye yezinto ezibalulekile empilweni yomuntu. Kuhle umuntu aqale athole ukuthi malini ayisebenzisayo ngenyanga nanokuthi uyisebenzisa kuphi. Ukubheka izitatimende zakhe zasebhange kungamsiza ukuthola ukuthi imali yakhe uyisebenzisa kanjani. Bhala izindleko zakho zenyanga. Lokhu kubalulekile ukwazi kabanzi ngemali yakho oyisebenzisile.

Yenza umklamo-mali ukuze ungathengi ngoba ubona imali. Umklamo-mali wakho kufanele ukukhombise ukuthi uzosebenzisa imali engakanani uma kuqhathaniswa nehlo lakho ukuze ukwazi ukuhlala ukuthi uzosebenzisa malini ukugwema ukweqa eholweni lakho. Kuyadabukisa ukubona abantu beququdwa ngomashonisa ngoba bengakwazi ukuhlala. Omunye umuntu aze alibeke ngesihloko nje ukuthi yena usebenzela omashonisa. Lapho-ke umuntu wakhona akanalaka uyavutha bhe.

Ikusasa liyabekelwa. Ukubhekana nezidingo zakho ngokwemali akusho ukuthi kungabi bikho okufihla ebhange. Yonga ingxenye ethile yemali oyiholayo ebhange nyanga zonke. Uma ubona ukuthi lokhu kuyakusinda, bheka izinto ongakwazi ukuphila ngaphandle kwazo njengokuyodla ngaphandle nokuya ezindaweni zobumnandi. Khetha okuthile ozozitshela ukuthi le mali uyigcinela khona. Kubi ukubeka imali kodwa ungazi ukuthi uyibekelani. Ukuzibekela okuthile njengesifiso othanda ukusifeza ngokuzayo kubalulekile. Ungazibekela ukuthi ufuna ukuthenga indlu noma ukuthatha iholide njalonjalo.

Izinto esizongela imali azilingani ngokubaluleka kwazo. Bheka okubalulekile okudlula okunye ezintweni ofisa ukuzongela imali. Ukubheka izinto ezibalulekile kofuna ukuzongela imali, kungakunika umbono ocacile mayelana nokuthi yikuphi lapho kumele uqale khona ukonga. Uma wazi ukuthi uzoshintsha imoto esikhathini esizayo, ungaqala ubeke imali manje ukuze kube lula ukukhokhela entsha.

Amaqola ahlezi evule amehlo ukuvusa utshani obulele ngomlilo. Bangingi abantu asebegilekile bethi bonga imali yabo kanti bahlangene nezimbila zithutha. Bathi bengazelele, bathole ukuthi nkampani ndini usuthuthile nemali yabo. Sebenzisa izakhiwo zemali ezisemthethweni ukonga imali yakho. Ungakhohliswa izimbungulu ezincela igazi labantu ngobugebengu. Wake wakubona kuphi nje ukuthi umuntu angaba isigwili ngokonga nje imali yakhe amasonto amabili enkampanini? Inganekwane le uqobo lwayo.

Buka “izinkomo” zakho zanda ebhange. Kubalulekile ukuthi inyanga nenyanga ubheke ukuthi imali oyongayo ikhula kanjani. Lokhu ngeke kukusize ekubeni ungagudluki ohlelweni lwakho lokongga, kodwa kukusiza ekushesheni ubone izinkinga bese ukwazi ukuzilungisa kusenesikhathi. Asifunde ukonga imali ukuze sibe yisibonelo esihle nasezizukulwaneni ezizayo.



UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

Fundisisa uphinde ubukisise UMBHALO D OFUNDWAYO NOBUKWAYO bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

Iyavikela inakekela amakhwapha amahle.

48h Uvikelele

I-Dove yehlukile kwezinye iziqedaphunga:

- Ine-1/4 yokhilimu obushelelezi othambisa isikhumba.
- Yenza amakhwapha akho abe bushelelezi.
- Ikugcina ufreshi ilanga lonke ngokukomisa amahora angu-48.

WINA! WINA! WINA!

Ngenela iDOVE 7 Day Challenge uzibeke ethubeni lokuWINA IHAMPA YE-DOVE KA-R1000.

Ukuvikeleka okuqinisekisiwe. Imiphumela emihle.

SAaya n- *100*432*1# uRungonda umcintigwano.

- 3.1 Shono ukuthi yini ekhangiswayo kulesi sikhangisi? (1)
- 3.2 Chaza kafushane okwenza umkhiqizo wakwa-Dove wehluke kweminye imikhiqizo. (3)
- 3.3 Ucabanga ukuthi yini inhloso yokusetshenziswa kwefonti enkulu? (2)
- 3.4 Xoxa ngempumelelo yombhali walesi sikhangisi ekusebenziseni ulimi olukhohlisayo. (2)
- 3.5 Phawula ngempumelelo yombhali ekusebenziseni amasu okukhangisa lesi sikhangisi. (2)

[10]

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

Bukisisa umbhalo E OFUNDWAYO NOBUKWAYO bese uphendula imibuzo elandelayo

UMBHALO E OBUKWAYO NOFUNDWAYO



- 4.1 Yisho okwenziwa uBhoza kule khathuni. (1)
- 4.2 Nikeza umuzwa ovezwa yinkulumo yalo wesifazane. (2)
- 4.3 Sebenzisa ubhalomagama olufanele kulomusho olandelayo:-
"Baba olungileyo hamba naye umkami ngaleli phasika." (1)
- 4.4 Qhathanisa indlela abavezwe ngayo laba balingiswa abakule khathuni. (4)
- 4.5 Phawula ngomyalezo womndeni wale khathuni. (2)

[10]

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Fundisisa isiqeshana esilandelayo UMBHALO F bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO F (OFUNDWAYO)

ISIZWE SIYABHUBHA NGABAFUNDI ABASHAYA OTHISHA

Ngezikhathi zakudala zonke izingane zabantu abamnyama zazifisa ukuba ngomabhalane, othisha, abahlengikazi, abameli noma osomabhizinisi. Yibo abantu ababethathelwa phezulu emphakathini, bephathiswa okwezicukuthwane. Izinto sezigaya ngomunye umhlathi manje. Ezikoleni, abafundi sebeyazishayela lapha kothisha.

Thina sikhule kungothisha ababeshaya izingane zesikole ikakhulukazi uma utholwe unembuzi. **Ngezikhathi zakudala othisha bebesatshwa ngoba isibhaxu bebesithela.** Uma sebeqedile ngawe, kwakubola amaqhezu ezingqe, uhluleke wukuhlala phansi isonto lonke. Intsha yamanje isithanda udumo nje noma ngabe luza ngayiphi indlela.

Iningi labafundi lithanda ukuqhubeka lidlale ibhola, kukhona abathi bafisa ukuba ngosomabhizinisi kanti iningi lithanda ukuzifaka kwezombangazwe ngoba imali iyaxhashazwa khona. Lokhu kusho ukuthi abantwana abakuboni kuyihlazo ukwebiwa kwemali kaHulumeni, kodwa babona kuyindlela elula yokuthola **isinkwa ungasijulukelanga**. Abazi ukuthi bazojeziswa kakhulu ngelinye ilanga.

Umnyango wemfundo eyisisekelo eNingizimu Afrika usamukele isiphakamiso senyunyana yothisha i**National Teachers Union** sokuthi kube nezinhlelo ezingqala zokuqinisa ezokuphepha ezikoleni. Kuphakanyiswa nokuthi kumele kuqashwe onogada abazokhokhelwa wumnyango abazoqapha ezikoleni.

- 5.1 Shono ukuthi isakhi esidwetshelwe emgqeni wes-3 siletha mqondo muni. (1)
- 5.2 Phinda ubhale igama elidwetshelwe elisemgqeni wokuqala selimqondophika. (1)
- 5.3 Sebenzisa igama elidwetshelwe elitholakala emgqeni wesi-7 wakhe umusho ngalo seliveza umqondo owehlukile kunalo osesiqeshini. (2)
- 5.4 Kulo musho ombaxa obhalwe ngokugqamile emgqeni wesi-7, khipha imisho EMIBILI eqondile. (2)
- 5.5 Bhala ikhronomi yegama elibhalwe ngokugqamile emgqeni we-16. (1)
- 5.6 Khetha impendulo EYODWA eshaya emhloeni kulezi ezilandelayo. (1)
Shono ukuthi letheksthi ihleleke kanjani...
 - A. Ukuhlaziya
 - B. Ukuchaza
 - C. Ukulandelana
 - D. Ukuhlukanisa
- 5.8 Sebenzisa igama elidwetshelwe elitholakala emgqeni we-15 seliveza umqondo wokuvuma, bese wakha umusho ngalo. (2)

[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C:30
AMAMAKI ESEWONKE: 70



HARRY GWALA DISTRIKTHI

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA

ISIVIVINYO SIKANDASA

IPHEPHA LOKU-1

IBANGA LE – 10

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

MASHI 2025

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: 2 AMAHORA

Lo mhlahlandlela unamakhasi ayisi-8

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

INDLELA YOKUMAKA

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/ asikunaki ngfaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.
2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo **YEBO/CHA, ANGIVUMI/ NGIYAVUMA** azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo **IQINISO/AKUSILO IQINISO, UMBONO/IQINISO** azinikwa amamaki kodwa indlela umfundui asekela ngayo ethola amamaki.
5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.
8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikeziwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje: A/ UThoko/ A okuwuhlamvu oluphelele.

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 UMBHALO A (OFUNDWAYO)

- 1.1.1 Imbangela eyayenza abadala bayikhathalele imfundo yingoba babekhohlelwa ekutheni iyona eyithemba lokukhipha abantu ekuhluphekeni.√ (1)
- 1.1.2 Babehluleka ukukhokha imali yesikole.√
Babenakwazi ukuthenga izincwadi zesikole.√ (2)
- 1.1.3 Babethenga izincwadi zesikole.√
Babethenga okokubhalela.√
Babethenga umfaniswano.√
(Okubili kwalokhu) (2)
- 1.1.4 Imfundo yezingane yaba mahala kusukela emabangeni aphansi kuya lwaphezulu.√
Abafundi bathengelwa izincwadi/ bathola izincwadi mahala esikoleni.√
Abazali abasabanga nomthwalo onzima emahlombe abo.√ (3)
- 1.1.5 C/ Ukuziphatha.√ (1)
- 1.1.6 Ukwanda kobugebengu.√
Bengaphelela emgwageni.√
Kunganda ubumpofu.√
Bangazinikela ezidakamizweni.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukelwa) (2)
- 1.1.7 umbhali uhlose ukugquzela/ukukhuthaza izingane ukuthi zifunde ukuze zingeke zizithole sezenza izinto eziphambene nomthetho kanjalo nokulungisela ikusasa eliqhakazile.√√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukelwa)
- 1.1.8 Lesi simo sokukhuluma esithi abadla izambane likapondo -isisho√,
singelekele ukuba ngiqonde ukuthi akubona kuphela abaswele abaangaqedi isikole kodwa nalabo ababusayo bayasiyeka isikole.√√ (3)
- 1.1.9 Amaphoyisa asuke ebona ukuthi bangafundi kufanele babe sesikoleni, futhi asuke egwema ukuthi bangazibandakanyi nezidakamizwa okungaholela ekutheni bangasiqedi isikole.√√ (2)
- 1.1.10 Ngiyazwelana nabazali ngoba akekho umzali ofisa ingane yakhe ingasiqedi isikole, bonke abazali bafisa izingane zabo ziphumelele zibe nekusasa eliqhakazile.√√ (2)
- 1.1.11 Umbhali uphumelele kahle ukuphetha lesi siqephu ngokunxusa wonke umuntu ukuthi agquzele labo abayeke isikole ukuba babuyele esikoleni ukuze babuyele esikoleni yize noma sebezibona bebadala ngoba imfundo ayikhulelwa.√√

[20]

UMBHALO B (OBUKWAYO)

- 1.1.12 Izingane ezehlukene ngokwezinhlanga zihleli phansi egumbini elithile ziyafunda.√√ (2)
- 1.1.13 Oungumehluko kokwenzeka esithombeni sesi-2 nesesi-3 izinto abazenzayo, esithombeni sesibili kunabantwana ababukeka bejabule bephethe izincwadi kanti esithombeni sesi-3 kunomuntu omdala osebenziswa izidakamizwa.√√ (2)
- 1.1.14 Okufanayo ukusetshenziswa kwezidakamizwa.√√ esigabeni sesi-5 kuthiwa abafundi bayazifela ngalezi zidakamizwa sebephenduke ogogo nomkhulu √ kanti esithombeni sesi-3 sibona umuntu osebenzisa izidakamizwa ezinhlobonhlobo. √ (4)
- 1.1.15 UHulumeni angakha izindawo zokuhlumelelisa izimilo lapho asebeqale izidakamizwa bezosiwa khona ukuze baziyeke.√√ UHulumeni angavula izikole zamakhono lapho labo asebebuya ezikhungweni zokuhlumelelisa izimilo bezoya kofunda khona amakhono ukuze bangabuyeli ezidakamizweni.√√ (nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukela.) (2)

[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

UMBHALO C

UMBUZO 2 - UKUFINGQA

Amaphuzu acashuniwe		Amaphuzu owabeke ngamagama akho	
1	Bhala izindleko zakho zenyanga.	1	Bhala izidingo zakho zenyanga ukuze ungasebenzisi imali ezintweni ezingenasidingo.
2	Yenza umklamo-mali ukuze ungathengi ngoba ubona imali.	2	Yiba nohlelo lwemali ukuze ungathengi noma yini ngoba ubona imali.
3	Yonga ingxenye ethile yemali oyitholayo ebhange nyanga zonke.	3	Gcina ingxenye yenkece oyitholayo nyanga zonke ebhange.
4	Khetha okuthile ozozitshela ukuthi le mali uyigcinela khona.	4	Yiba nokuthile ozokuqoka ukuthi uyongela kona imali.
5	Bheka okubalulekile okudlula okunye ezintweni ofisa ukuzongela imali.	5	Khetha okusemqoka kunakho konke okunye kofisa ukukongela imali.
6	Sebenzisa izakhiwo zemali ezisemthethweni ukonga imali yakho.	6	Qikelela ukuthi ubeka imali yakho ezindaweni ezisemthethweni.
7	Buka izinkomo zakho zanda ebhange.	7	Bheka inzalo yakho yanda ebhange nyanga zonke izinyanga.

Ukufingqa ngesigaba

Bhala izidingo zakho zenyanga ukuze ungasebenzisi imali ezintweni ezingenasidingo. Yiba nohlelo lwemali ukuze ungathengi noma yini ngoba ubona imali. Gcina ingxenye yenkece oyitholayo nyanga zonke ebhange. Yiba nokuthile ozokuqoka ukuthi uyongela kona imali. Khetha okusemqoka kunakho konke okunye kofisa ukukongela imali. Qikelela ukuthi ubeka imali yakho ezindaweni ezisemthethweni. Bheka inzalo yakho yanda ebhange nyanga zonke

[Inani lamagama -55]

[10]

Indela yokumaka ukufingqa

Ukumaka lo mbuzo wokufingqa kweyeme ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.

Ukwabiwa kwamamaki

Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa)
Amamaki ama-3 awolimi
Amamaki esewonke:10

Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:

1-3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimimi.
4-5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
6-7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:

6-7 acashuniwe awekho amamaki olimi
1-5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi.

Ukubhalwa kwamagama:

Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenziswe.
Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (70), kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engabe esabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo ege ngawo.

QAPHELA:

Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).

Ohlolwayo angahuusha amagama okungenzeka angafani nlawo atholakala esiqeshini, uma nje umqondo ufana nalowo ocashuniwe.

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI INDLELA YOKUMAKA:

Isipelingi

- Impendulo eyigama elilodwa ayinikezwe iphuzu noma ngabe isipelingi sinamaphutha, ngaphandle uma lelo phutha liguqula umqondo wempendulo.
- Uma impendulo idinga umusho ophelele, umfundi akanikwa imaki uma impendulo yakhe inamaphutha ezakhiweni zolimi okubuzwe ngalo.
- Lapho kubuzwe khona isifinyezo, impendulo mayibe nezimpawu zokuloba ezifanele:
isib: Umnumzane – Mnu.izakhiwo
- Izakhiwo zemishomazibhalwe ngokufanele kulandelwa uhlelo nezakhiwo zolimi futhi zibhalwe zibe imisho ephelele/ ngokomyalelo onikeziwe.

- Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikeziwe; uyawatola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje: /c./Imizuzwana engama-60 (okuwuhlamvu oluphelele)

UMBUZO 3 –UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

- 3.1 Kukhangiswa umkhiqizo waka-Dove. ✓ (1)
- 3.2` Une $\frac{1}{4}$ yokhilimu obusheshelelezi othambisa isikhumba. ✓
Yenza amakhwapha akho abe busheshelelezi. ✓
Ikugcina ufreshi ilanga lonke ngokukomisa amahora angama-48. ✓ (3)
- 3.3 Ukuheha abathengi, ukuze bezoya ngobuningi bezothenga lo mkhiqizo. ✓✓
- 3.4 Umbhali usebenzise ulimi olukhohlisayo oluthi: Lo mkhiqizo ukugcina usuku lonke ngokukomisa amahora angama-48. ✓✓ (2)
- 3.5 Umbhali uphumelele kahle ukukhangisa lo mkhiqizo ngoba usebenzise: Ifonti enkulu egameni iDove. ✓
Izithombe zomkhiqizo. ✓
Ulimi olukhohlisayo. ✓
Izinkundla zokuxhumana ✓ (2)
- [10]

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA NIKHATHUNI

- 4.1 UBhoza uguqile uyathandaza, uthandazela umkakhe. ✓ (1)
- 4.2 Umuzwa wokucasuka/wokudinwa, udinwa uBhoza njengoba ethandaza ukuthi Avikeleke emadodeni ebe yena eziyela ephasikeni ngoba uyabona ukuthi ushiso ilolu tshwala aluphuzayo ✓✓ (2)
- 4.3 Baba olungileyo hamba naye umkami ngaleli Phasika. ✓ (1)
- 4.4 Okungumehluko izinto abazenzayo ✓✓ uBhoza uyathandaza uthandazela umkakhe kodwa phambi kwakhe kunebhodlela lotshwala kanye nenkomishi ✓ kanti unkosikazi kaBhoza yena ugqoke umfaniswano wesonto uphethe nebhayibhayibheli ucasulwa umthandazo kaBhoza. ✓ (2)
- 4.5 Umdwebi uphumelele ukudlulisa umyalezo wokungathembani, uBhoza akathembi ukuthi unkosikazi wakhe uya enkonzweni ngempela/ noma akawathembi amadoda asesontweni lomkakhe. ✓✓ (2)
- (Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukelwa.)

[10]

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

- 5.1 Siletha umqondo wokwenziwa. ✓ (1)

- 5.2 Abamnyama – **abamhlophe**✓ (1)
5.3 Ubaba unembuzi ezele.✓✓ (2)
(Imisho yabafundi iyokwehluka)
5.4 Ngezikhathi zakudala othisha babesatshwa.✓ (2)
Ngezikhathi zakudlala othisha isibhaxu babesithela.✓
5.5 NATU✓ (1)
5.6 B/lyachaza.✓ (2)
5.7 Abazi ukuthi bangajeziswa kakhulu ngelinye ilanga.✓ (1)

[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70

